

USARS UCELA ABAQASHI UKUBA BALUNGISE IMININGO YESIKHATHI SOKUBUYISA AMAPHEPHA ABAQASHI ONYAKA

Pretoria, 5 kuNdasa 2021 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luzinikele ekuhlinzekeni bonke abakhokhintela nabahwebi ngesiqinisekiso kanye nengcaciso mayelana nezibophezelo zabo zentela nezomnyango wokuthelisa ukuze bezoqhubeka nokuthobela nokuqinisekisa ukuthi ukuxhumana nesikhungo kulula kakhulu.

Kodwa-ke, ukuba lula kokuxhumana noSARS kulele kubakhokhintela ngokwehlukana kwabo, abahwebi kanye nabaseceleni abathintekayo ngokufeza izibophezelo zabo ngokomthetho ukuqinisekisa usizo olungenazihibe abaluthola kwaSARS.

Ngakho-ke, uSARS ucela abaqashi ukuba baqinisekise ukuthi bakulungele ukuthumela amaphepha okudalula ahlanganisiwe onyaka anolwazi lwakamuva futhi oluyiqiniso ngabantu abasohlwini lwabaholelwayo mayelana nezisebenzi zabo kanjalo nentela abababambeke yona.

Kanjalo, uSARS ulindele ukuthi abahlinzeka ngolwazi njengabantu abaseceleni oluvela kwezinye izikhungo ezinezinhlelo zokwelapha, izikhwama zomhlalaphansi kanye nokunye ukuba nabo bahlinzeke ngolwazi lwakamuva futhi oluyiqiniso ukuze kube lula kubakhokhintela okulindeleke ukuba bathumele abaphepha abo entelangeniso.

Imininingo okumele ithunyelwe kwaSARS abaqashi kumele ibandakanye amaphepha okuDalula koMqashi kwaNyangazonke, izinkokhelo ezenziwe kanye neziTifiketi zeNtela (IRP5/IT3) (a) ezigcwalisiwe, konyaka ogcwele kusukela mhla lu-1 kuNdasa kuya kumhla zingama-28/29 kuNhlohlolani. Ulwazi oluthunyelwe umuntu oseceleni nalo kumele kube olwesikhathi esifanayo sentela.

Ngasohlangothini lwabaqashi, ulwazi lwabo lohla lwamagama abaholelwayo lusemqoka kakhulu kwaSARS. Okokuqala, lulandisa ngamanani ahlanganisiwe entela ebanjwe umqashi emiholweni etheliswayo yesisebenzi ngasinye. Okwesibili, lukhombisa inani lentela umqashi ayikhokhile kwaSARS egameni lesisebenzi. Luphinde lubhale nezinye izimali umqashi azikhokhela isisebenzi njengengxenye yemihlomulo yomholo.

Ngalolu lwazi lohla lwamagama abaholelwayo kanye nemininingo evela kumuntu oseceleni, uSARS uzokwazi ukukhipha amaphepha entelangeniso yabakhokhintela esifakiwe ulwazi olufanele ukwenza kube lula kubakhokhintela izindaba zabo zentela ezingeyona inkimbinkimbi. Kulaba bakhokhintela ukubuyisa amaphepha entela kuba lula ngoba basuke bezohlola nje ulwazi oselufakiwe emaphepheni entela ukuthi luyiqiniso yini bese bebuyisa amaphepha kwaSARS.

Abaqashi nabaseceleni abahlinzeka ngemininingo banesikhathi esisukela mhla lu-1 kuMbaso kuya kumhla zingama-31 kuNhlabo ukuthumela imininingo yabo kwaSARS.

Uma kubhekwa umthelela wobhubhane lwe-Covid-19 kanye nokwehliselwa umthwalo okuhlinzekwe kubantu, izisebenzi nabaqashi abebengaphansi kwengcindezi, uSARS

uzimisele ukuqinisekisa ukuthi izinga lokuthobela kubaqashi lizonyuka kakhulu kulo nyaka.

Abaqashi abahluleka ukuthumela imininingo yohlu lwabaholelwayo ngesikhathi bangase babhekane nezinhlawulo zokuthumela emva kwesikhathi ezingafinyelela ku-10% wenani lwalolo hlu lwabaholelwayo.

Ngalesi sikhathi esinzima se-Covid-19, kubaluleke ukwedlula ukuthi wonke umkhokhintela nomhwebi ngamunye aqhubeke nokuthobela imigomo yentela. Lokhu kuthobela nokuba negalelo emalini engenayo kwenza uhulumeni akwazi ukuhlinzeka ngosizo olubalulekile lwezenhlalakahle kubantu baseNingizimu Afrika abahlwempu aphinde akwazi nokuqasha amaqhawe ethu ayizisebenzi eziyibambe ophondweni impi ye-Covid-19. Leli galelo lilekelele uhulumeni akwazi ukuqala uhlelo lokugoma ukuze kugonyelwe lolu khuvethe.

USARS ubonga kakhulu kubaqashi abathobelayo nabaqhubekayo nokuthobela minyaka yonke ngokuthumela amaphepha abo okudalula nokwenza izinkokhelo ezifanele ngesikhathi esifanele. Ukuze kube lula futhi kungabi nazihibe kulesi sikhathi sokubuyiswa kwamaphepha entela, sinxusa bonke abaqashi ukuba baqale balungise ulwazi oluyiqiniso futhi olwakamuva abazoluthumela kwa-SARS.

Ngolwazi olwengeziwe ngokuthunyelwa kohla lwamagama abaholelwayo kanye nezinkundla ongakwazi ukuthumela kuzo nge-inthanethi, abaqashi bangavakashela ikhasi le PAYE kusizindalwazi sakwa-SARS ku www.sars.gov.za

Ngemibuzo kwabezindaba sicela uxhumane nabo ku SarsMedia@sars.gov.za

IYAPHELA